


# AMAHBERU,

## ISAHLUKO SESIBILI <sup>3</sup>

 Esahluko 7, 8, 9, 10, kusukela lapho phakathi, o, he! Yiba nepensela lakho nephepha, nayo yonke into, isilungele, ngokuba ngikholwa ukuthi iNkosi izosipha isikhathi esikhulu. Manje si . . .

<sup>218</sup> UPawulu uphakamisa futhi ubeka, ngendawo eyiyona yona, iNkosi uJesu. Manje, uma siqeda kulobubusuku, ngeSonto ekuseni. . . Ongukuthi okuningi kakhulu kwalokhu kuzohlanguka thaqa noMlayezo wangeSonto ekuseni, ngoba kwe “hlukanisa isabatha.” Lowo ngumbuzo omkhulu phakathi kwabeSabatha namhlanje. Futhi ngithanda ukunimema nonke ukuba nizele eyangeSonto ekuseni. Ngokuba, yikuphi okuyikhonakhona, nguMgqibelo noma iSonto, ekukhonzeni na? Lithini iBhayibheli ngakho na? Futhi ngakho-ke, noma ngabe i . . . LeNcwadi yehlukanisa umthetho nomusa, futhi Ibeka ngakunye endaweni yakho. AmaHeberu akhuliswa ngomthetho, noPawulu wayebatshela ukuthi umusa wawubambe qhaza lini, nomthetho.

<sup>219</sup> Manje, ake sithole nje isendlalelo esincane manje. Sizogala emuva.

<sup>220</sup> Kambe, nginezibuko zokufunda. Mhlawumbe nginga. . . Uma kwenzeka ngenza I—insonge yephepha kulobubusuku, ngingazo. Niyazi konke ngi. . . Ngisilalelwe yiminyaka emibili nje ukuba ngibe neminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi angisaboni njengoba ngangivame ukubona, eduze kimi. Uma ukubona kwami. . . Ngigqala ukuqaphelisisa amagama efikizela, ngangicabanga ukuthi ngangivaleka amehlo. Ngaya kohlolwa. Udokotela wathi, “Qhabo. Usanda kwedlula iminyaka engamashumi amane nje, ndodana.” Awu, wathi, uma ngize ngibe—mdala ngokwenele, kungahle kubuye futhi, ngibuyelwe yilokho kunqundeka amehlo futhi. Wathi, “Manje, ungalifunda iBhayibheli lakho uma ulifuqa lisuke kuwe na?”

<sup>221</sup> Ngathi, “Yebo.”

<sup>222</sup> Wathi, “Emva kwesikhashana, ingalo yakho ayizukuba yinde ngokwenele.”

<sup>223</sup> Futhi ngakho ngi—ngiyethemba manje, kulokhu ukutadisha, engi. . . LeliBhayibheli elincane iCollins linamagama angusayizi okahle kulo. Ngingabona kahle impela. Kodwa uma siwelela kwezinkulu, izindawo ezijulile lapho esifanele sithathe iTestamente eLisha neLidala, futhi silihlanganise ndawonye thaqa. NgineScofield encane. Futhi ngilejwayele

iBhayibheli iScofield, ukumakwa kwalo. Angiwafundi amanothi eScofield manje, ngoba angivumelani noScofield kokuningi kwezichasiselo zakhe—zakhe ezibonwa ngukucabanga kwengqondo. Kodwa ngi—ngiyayithanda indlela okuhleleke ngayo, ngoba yi...Sekuyisikhathi eside nginalo, futhi ngilifunda, futhi kakhulu impela, sengize ngazi ukuthi ngiyithola kanjani indaba yami.

<sup>224</sup> Konke lokhu kusha kimi, kokufundisa, futhi angisuye uthisha kakhulu kangako. Kodwa, yibani nami isikhashanyana, ngizonitshela iQiniso ngoKulazi kwami, empeleni.

<sup>225</sup> Manje, leNcwadi nguPawulu, khumbulani. Waye... Simthole kanjani na? Wayenguthisha omkhulu, kwasekuqaleni nje, noma isifundiswa esikhulu. Futhi wayeqeqeshwe eTestamenteni eLidala. Ukhona ongangitshela manje esithole ukuthi uthisha wakhe wayengubani na? [Ibandla lithi, "UGamaliyeli."—Umhl.] UGamaliyeli, omunye wothisha ababedume kakhulu bosuku. Kwase kuthi—ke uPawulu, siyathola, ngolunye usuku. . .

<sup>226</sup> Engakabizwa ngokuthi uPawulu, ukhona ongangitshela ukuthi wayengubani igama lakhe na? [Ibandla lithi, "USawulu."—Umhl.] USawulu. Futhi wayeyisazi esikhulu eJerusalem, isazi sezenkolo. Futhi wenyuka njengendoda e—eqeqeshwe ngempela, ekholwayo. Wayekwazi ukukhuluma izilwimi ezine noma ezinhlano ezehlukene, nendoda ekhaliphe ngempela. Awu, ngabe imfundo yakhe nokukhalipha kwakhe kwamsiza na? Qhabo. Wathi wadingeka akukhohlwe konke ayekwazi, ukuze afunde uKristu.

<sup>227</sup> Ngakho siyathola, manje—ke, akuthathi indoda ekhaliphile noma indoda efundile. Kuthatha i—indoda evumayo ukuzithoba phambi kukaNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi kanjani.

<sup>228</sup> Benazi yini ukuthi uDwight Moody wa—wayengafundile kakhulu ngangokuthi, qiniso, imibhalo yakhe yayiphansi njengokuthi angazi ukuthi ini. Babeze bayilungise imilayezo yakhe, ngaso sonke isikhathi. Wa—wayengumbhali ophansi kabi, engafundile impela.

<sup>229</sup> Benazi yini ukuthi uPetru noJohane, baseBhayibhelini, babengafundile kakhulu ngangokuthi babengakwazi ngisho nokubhala igama labo uqobo, futhi babengakwazi ngisho libekwe phambi kwabo na? UmPhostoli uPetru, owayenezihluthulelo kuwo uMbuso, wayengalazi igama lakhe lisayinwe phambi kwakhe. Kucabangeni. IBhayibheli lasho, ukuthi, "Wayengazi lutho futhi engafundile." Ngakho, lokho kunginika ithuba. Amen. Yebo, mnumzane. Lokho kuhamba kwehle ngqo, ukuthola ukuthi uNkulunkulu wayengenza lokho kumuntu.

<sup>230</sup> Manje, futhi siyathola, kwathi nje uPawulu angaba nesehlakalo esikhulu...Ngifuna ukunibuza. Ngabe

kuyisehlakalo yini ukuza kuKristu na? Ngabe wonke umuntu unesehlakalo na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. NgukuZalwa. Yisehlakalo. Futhi ngakho sasiseKholiji lamaLuthela, kungekudala . . .

231 Ngibe nenhlanhla kulentambama, leyithi, bengifanele ukuba lapho ngeleshumi nambili nqo, ngibe nedina no—noTom Haire. Bangaki abake bezwa ngaye, odumile, umIrishi, iqhawe lomkhuleko na? Futhi ubenaloMfowethu Epp, ohlelweni lwakhe, futhi ubonakala lapha ezindaweni eziningi eMelika. Futhi ngibe nedina naye namhlanje. Futhi sasi . . . Bengileyithi nje cishe ngamahora amathathu. Bekuyimizuzu cishe engamashumi amathathu—lishayile elesithathu, imizuzu eyishumi nanhlanu kushaye elesine, ngenkathi sidla. Kodwa bekukahle. Futhi besixoxa ngalezizinto, ukuthi uJesu Kristu ukanjani yinHloko yazo zonke izinto.

232 Manje, ngenkathi uPawulu ekuthola lokhu, waba nalesisehlakalo. Bese kuthi—ke ngaphambi kokuba emukele lesisehlakalo, sifanele sibuyele eBhayibhelini. Futhi sithola ukuthi u—ukuthi wasuka wayeseyongena kwesinye isizwe, futhi lapho wahlala iminyaka emithathu, ehlola umBhalo, ukubona ukuthi ngabe isehlakalo sakhe sasiqinisile yini.

233 Manje, siyaqonda ukuthi wayenento enkulu ayefanele abhekane nayo. Wayefanele abuye bese etshela ibandla lakhe, bonke abantu, zona impela izinto ayezihluphile yayiqinisile.

234 Ngabe wawufanele wenze into enjengaleyo na? Impela, cishe bonke bakwenza, befanele babuyele emuva bese bethi, “Labobantu esasithi ‘bangabagingqiki abangcwele,’ sithola ukuthi, babeqinisile.” Niyabo? Yilokho—ke. Saze sajika nje. Nezinto esake sazizonda, manje sesiyazithanda. Kungukuphenduka, into exakile.

235 A! Ngenze lesositatimende, sika “mgingqiki ongcwele.” Ayikho into enjalo. Ayikho into enjalo. Kodwa, babiza abantu ngalokho, abantu bobungcwele. Kodwa abekho abagingqiki abangcwele. Ayikho into enjalo. Akukho okubhalwa phansi kwanoma yiliphi ibandla elake labhalwa phansi kanjalo, ngokubona kwami, kwangamakhulu ayisishiyagalolunye—amashumi ayisithupha okuthize, amahlelo ehlukeni. Akukho—hlelo elithiwa ngumgingqiki ongcwele. Yi—yigama nje uDeveli aliqhasele eBandleni.

236 Kodwa bayababiza, ngalolosuku . . . Bangaki owaziyo ukuthi babebabiza ngokuthini ngosuku lukaPawulu na? Abakholwa ngukukholwa okuphambene nokujwayelekile. Niyazi ukuthi kusho ukuthini ukuthi *okholwa ukukholwa okuphambene nokujwayelikile* na? “Ohlanyayo.” Abantu abahlanyayo. Ngakho, masinya nje ngibizwa ngo “mgingqiki ongcwele” njengo “kholwa ukukholwa okuphambene nokujwayelekile.”

Ubungeke wena na? Ngakho uma be—uma babebizwa ngalokho, futhi bajabula!

Futhi wathi asenzeni uJesu ngakho na? Wathi, “Jabulani, futhi nijabule kakhulu; ngokuba umvuzo wenu mkhulu eZulwini, ngokuba babahlupha kanjalo abaprofethi abanandulelayo.” Bakwenza.

<sup>237</sup> Wathi, “Nijabule kakhulu.” Noma yini *ekakhulu* i “phakanyiselwe le phezulu,” ujabule ngempela. Nabafundi, ngenkathi befunyanwa befanele ukuthwala ihlazo leGama likaJesu, bathokoza ngokuthokoza okukhulu ukuthi bathwale ihlazo leGama laKhe.

<sup>238</sup> Futhi namhlanje, abantu abaningi namhlanje, uma bekungenzeka bababize ngomgingqiki ongcwele, babeyodangala, “He! Mhlawumbe benginephutha, kwasekuqaleni nje.”

Kodwa babebabule ngakho, “O, he, ukuthwala iGama!”

<sup>239</sup> Futhi manje, ekhulwini minyaka lesibili, babebabiza nge “*mihlane eneziphambano*.” Lokho kungenkathi amaKristu ayevame ukuthwala isiphambano emhlane wawo, ukukhombisa ukuthi ayebethelwe noKristu. Babewabiza nge*mihlane eneziphambano*. Manje ngiyazi iKatolika azibiza ngalokho, kodwa lelo kwakungesilo ibandla eliKatolika. Kwakuyibandla lamaProtestane lingakabizwa ngebandla lamaProtestane. Lalingabhikisheli lutho kodwa isono. Isizathu libizwa ngebandla lamaProtestane namhlanje yingoba labhikishela umbhedesho we—weKatolika. Kodwa yi...Li, lisalokhu, lalingsilo ihlelo lenkolo ngalesosikhathi, ngenkathi ebizwa ngom*hlane onesiphambano*.

<sup>240</sup> Thola umlando kaJosephus nje nabanye ababhali, nekaHislop *amaBabloni amaBili*, kanjalonjalo, futhi uzothola ukuthi lokho kunjalo, ukuthi babengesilo ibandla. Ibandla lokuqala elihleliwe, ukuze libe khona, kwakuyibandla eliKatolika, cishe iminyaka engamakhulu amathathu, emjikelezweni wa—wabaphostoli bokugcina. Cishe iminyaka engamakhulu amathathu kamuva, ibandla eliKatolika lahlelwa. Nokuhlushwa kwangena, futhi kwaphoqelela abantu bangene ebandleni eliKatolika, futhi babenebandla nombuso, bahlangana.

<sup>241</sup> Lokho kwakukamuva, okwakubizwa kanjalo, ukuphenduka kukaConstantine, esuka ebuhedenini waya ebuKatolikeni. Kodwa, uma noma ubani ake awufunda umlando wakhe, wayengaphendukile, izinto azenza. O, he! Into kuphela ake ayenza eyinkolo kwaba ngukubeka isiphambano ebandleni likaSophia oNgc. Yileyonto kuphela ake ayenza, waziphatha ngisho nangenkolo. Waye—yengumuntu ononya. Kodwa bakubiza ngokuphenduka kwakhe—kwakhe. Kuqhathaniseka nje nokunye okubizwa kanjalo ngezimpenduko namhlanje.

242 Manje, kodwa, siyathola, ngenkathi uPawulu ephenduka futhi waba naso lesisehlakalo sangempela, wajikiswa ngokoqobo.

Futhi, niyazi, *ukuphenduka* kusho uku “jikiswa.” Uya *ngapha*, bese uyajika bese uqala ukuya emumva *ngapha*. Yebo, mnumzane. Kungukujika, ngobuso.

243 NoPawulu, wathi nje angaphenduka, ngaphambi kokuba aze enze isehlakalo sakhe...Manje, wayenesehlakalo esimangalisayo.

Manje, ngiyakholwa, uma wemukela uKristu, njengoMsindisi wakho oqondene nawe nje, kuyisehlakalo. Ngiyakholwa, injabulo yokwazi ukuthi isono sakho sithethelelwe, nje kuxhuxhumisa inhliziyo yakho, ngapha nangapha.

244 Kodwa manje-ke uma uMoya oNgcwele obusisiweyo eza ehla, leso yisehlakalo, lokho kuZalwa okusha, ongasoze wakukhohlwa. Uba nguMntwana kaNkulunkulu. Futhi nakhu okukwenzayo.

“Ukwazi kanjani, Mfowethu Branham na?”

245 Manje, lezi yizifundo zokufundisa. Abantu abaningi, amaMethodisti, azama ukuthi athi, “Amemeza ngenkathi eWuthola.” Awu, lokho kulungile. Uma unaWo, futhi wamemeza, okeyi. Ngoba wamemeza, lokho kwakungesiso isibonakaliso sokuthi wawunaWo, ngoba inqwaba yamemeza futhi yayingenaWo.

246 AmaPentecostal athi, “Akhuluma ngezilimi. AWuthola.” Lokho kulungile. Uma nakhuluma ngezilimi, futhi naWuthola, kulungile. Kodwa ubungakhuluma ngezilimi futhi ube usalokhu ungenaWo. Ngakho?

247 Ngakho, niyabo, empeleni, yisehlakalo sokwedlula ekufeni ungene ekuPhileni; uma zonke izinto ezindala zifa, nazo zonke izinto ziba zintsha. UKristu uba nguye ngempela. Izinto ezindala ziyayekwa, izimpande ezindala zenyama. Niyazi ukuthi imbiwa kanjani impande na? Sasivame ukuthatha igeja lemikhono lokumba bese nje sifika phansi kuyo, siyimbe kuze kungasali nencanyana kuyo. Futhi bathi, “Uma kuba khona nayiyiphi impande yokubaba evumbuka kuwe, isiphule.” Kunjalo. Futhi yilokho uMoya oNgcwele okwenzayo, usiphula zonke izimpande. Uzimbe uzikhiphe. Uyihlube; uzishise. Uziqede. Usunokudla okuhle-ke okusanhlamvu, uma senza lokho.

248 Manje, uPawulu wazi ukuthi kukhona okwakwenzekile, ngakho ubuyela emuva eArabiya, futhi lapho utadisha iminyaka emithathu kubo bonke abaprofethi beTestamente eLidala, ukuthi baprofetha kanjani. Futhi uthola ukuthi LaliyiQiniso uqobo.

249 Manje, qhathanisa lokho nenamhlanje, niyabo, kulesisehlakalo esaba naso lapha kulelibandla elincane: seNkanyezi yoKusa iqhamuka ngaleya, lokho kuKhanya okukhulu okwehlayo, okwakuzosho kungakenzeki futhi kubonise izinto ezizokwenzeka. Niyazi, lokho kuyamangalisa. Kodwa umfowethu okhonzisayo wangitshela, “KwakunguDeveli.” Futhi nga—ngangingakuqondi.

250 Ngakho, angishongo lutho ngakho kwaze kwaba ngobunye ubusuku, kwaba nesehlakalo esenzeka enhla ngaleya eSigayweni sikaGreen, eIndiana, ngenkathi iNgelosi yeNkosi yamba inqamula kwiphansi lendlu yase ima lapho, yase ikufakazisa ngomBhalo. Kwase kokheleka umlilo. Kwase kuqala ukuhamba.

251 Futhi akungaphezu kweSonto eledlule, sibone izimpawu ezingomaka abanganakuphosisa bakaJesu Kristu, ongathatha umuntu obengakwazi ukuhamba, futhi engazange... Imizwa yakhe yokubhalansa ingasekho, ngenkathi oMayo nodokotela abedlula bonke bethi, “Sekuphelile, kuze kube phakade.” Futhi ehlezi ephuphuthekile; wasukuma wayesephuma endlini, eqhuba isihlalo sakhe esinamasondo ehla ngezitebhisi, esekwazi ukuhamba futhi ebona njenganoma yimuphi omunye umuntu. Lokho kukhombisa ukuthi ngamandla eNkosi uJesu ovukileyo. Nakho. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

252 Ngakho asisilo yini iqembu elijabule kulobubusuku, ukwazi ukuthi uNkulunkulu uqinisekise lesisehlakalo esikhulu esinaso, ukuba siqhathaniswe neBhayibheli laKhe nanezithembiso na? Ngakho—ke sifanele sijabule kakhulu. Futhi siyaqonda—ke, ukuthi esahlukweni 2, siyathola, “Asifanele sivumele lezizinto... Asifanele sidebesele lezizinto.” Sifanele sizibambisise lezizinto.

*Futhi sizophunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka; . . .*

253 Sizokwenzenjani, mayelana neZwi likaNkulunkulu, uma sesima eNkantolo yokwaHlulelwa na? Ungeke wathi, “Angizange ngazi kwehluka.” O, yebo, wawukwazi. “Awu, manje, umfowethu Branham kungenzeka ukuthi wayenephutha.” Yiqiniso lelo. Kodwa uNkulunkulu akanalo iphutha. IZwi laKhe alinaphutha. Futhi cabangani nje, ngento efanayo, iBhayibheli, elake laphila kubaphostoli, asaphila futhi. O, alibusiswe iGama leNkosi!

254 Nxa ngicabanga ukuthi ngineminnyaka engamashumi amane—nesishiyagalombili ubudala, ngisondela emashumini amahlanu, nezinsuku zobusha bami seziphelile, kanjalonjalo; ukwazi ukuthi kusukela ngisengumfanyana ukuthi ngaba nalesiSithembiso esibusisiweyo, futhi ngiSimemezele kubafowethu nodadewethu; nokubona izinkulungwane ngokwangempela zalabo ophuma ebumnyameni, ukwazi

ukuthi siya eKhaya lethu laPhakade, kwelibusisiweyo. “Futhi uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa,” ngingakaqedi ukushumayela, “likhona elilinde ngaleya lalo.” Haleluya! Ukwazi ukuthi kunamadazini abantu abahlezi lapha, ukuthi, uma bebengashiya lokhu ukuphila khona manje; ngaphambi kokuba sikwazi ukuthola umzimba wabo uye kumngcwabi, bayoba kulowomzimba onenkazimulo ngaleya, bethokoza nabangcwele bakaNkulunkulu, sebevele beseBukhloneni bukaNkulunkulu, ukuhlala ingunaphakade. Nokuphelele, ukuqiniseka uqobo ukuthi kunjalo! Amen.

<sup>255</sup> O, lokho bekungenza iPresbyterian imemeze! Ngabe iSonto, ngabe akwenzanga na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Labobantu babeyiPresbyterian. Impela bebengaba yilo, ukucabanga. O, akumangalisi abantu bevukwa wusinga! Ngani, uma usukwa wusinga ekuphebeni ibhola noma uphosa elilodwa kubhaskidi, kuyokwenza uvukwe wusinga kakhulu kangakanani—ke ukwazi ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, ukuthi ungokuDaliweyo okusha kuKristu! Ukwazi ngendlela umoya wakho okuhola ngayo ukudedise enhliziyweni embi, ebuqilini, nasebutheeni, nazo zonke lezizinto zezwe. Nenhliziyi yakho ibekwe yaba maphakathi kuKristu. Lokho yizinjongo zakho. Yilokho kuphela ocabanga ngakho engqondweni yakho, enhliziyweni yakho, yonke imini nobusuku. Uma uyolala embhedeni ebusuku, bese ubeka izandla zakho emva kwakho, *kanje*, bese nje ucambalala lapho bese uMdumisa uze ulale. Uvuke, ekuseni, usalokhu uMdumisa. Amen. O, he!

<sup>256</sup> Ngizamile ukuMdumisa. Njalo ekuseni besivuka cishe ngelesine nqo, uMfowethu Woods nami, siphume kusesekuseni ekuseni, ukuba siyozingela izingwejeje. NgimDumisa phansi kwazo zonke izihlahla, ngiyakholwa, engifike kuzo. Angisiboni isihlahla, ngingaMdumisanga. Cabanga, Wamilisa lesosihlahla. Ngibone intethe endadlana indiza; Uyayazi leyontethe. “O,” wena uthi, “umbhedo, Mfowethu Bill.” O, qha, akunjalo. Uyazi ukuthi zikuphi zonke izingwejeje. Uyazi ukuthi zikuphi zonke izimvevane.

<sup>257</sup> Ngani, ngesinye isikhathi, Wayedinga imali, Wayesethi, “Petru, kunenhlanzi, esikhashaneni esedlule, igwinye uhlamvu lwemali, eyenele nje, kakhulu njengoba siyidinga. Hamba uphose ihhuku phakathi. Ngizoyithumela laphaya. Ukhiphe lolohlamvu lwemali emlonyeni wayo, ngoba ayikwazi ukuyisebenzisa, ngokwayo. Hamba umkhokhele okweshumi kwethu nokuthela.” Amen.

<sup>258</sup> Futhi emavikini ambalwa edlule, ngibone inhlanzi encane ibulewe, ilele emanzini. Nonke nayizwa indaba yayo. Nango uMfowethu Woods, nomfowabo nabo lapha ukuba bakufakazele. Leyonhlanzi encane ilele ifile uhhafu wehora, emanzini, namathumbu ayo edonseleke ngaphandle emlonyeni wayo. NoMoya oNgcwele omkhulu washwibeka wehla, emva kokuba

Eshilo, ngayizolo, “Uzobona ukuvuka kwesilwane esincane.” Futhi ngokusa okulandelayo cishe, kancane emva kokuphuma kwelanga, sakubona lokho okusanhlanzana, kungekude *kangako*. Ngenkathi uMoya weNkosi wehla, futhi wathi, “Nhlanzi encane, uJesu Kristu uyakuphilisa.” Naleyonhlanzi efile, yayikade intanta phezu kwamanzi impela uhhafu wehora, yaphila yase isuka ihlamba nje ngelikhulu ijubane. O, malibusiswe iGama leNkosi. Imangalisa kakhulu!

<sup>259</sup> Akumangalisi uPawulu akwazi ukuba asho, ukuthi, “WayengokukaMelkisedeki.” WayenguMelkisedeki. “UMelkisedeki wayengenakuqala kwezinsuku. Wayengenakuphela kweminyaka. Wayengenakuqala kokuphila noma ukuphela ekuphileni. Wayengenayise engenanina.” Ngakho, Wayengeke aba ngomunye. Noma Wayengubani, Usaphila nakulobubusuku. Ngakho, Uluhlobo olulodwa lokuPhila okuPhakade, nalokho kungokukaNkulunkulu.

<sup>260</sup> Izolo kusihlwa ngenkathi sinengxoxo, umfowethu wayengamqondi uziqo zintathu kaNkulunkulu, nokuthi sasikhuluma kanjani ngakho. Ukuthi uJesu wama kanjani lapho, uMuntu, othi akabe neminyaka engamashumi amathathu ubudala. Wayesethi . . .

Bathi, “O, obaba bethu badla imana ehlane.”

<sup>261</sup> Wathi, “Futhi bona, bonke, bafile.” Kodwa Wathi, “NgiyilesiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini, umuntu asidla futhi angafi.”

<sup>262</sup> “O,” bathi, “obaba bethu baphuza eDwaleni ehlane.”

<sup>263</sup> Wathi, “NgiyiLeloDwala.” UMuntu weminyaka engamashumi amathathu ubudala. Wathi, “UAbrahama wathokozela ukubona usuku lwaMi.”

<sup>264</sup> “Ngani,” wathi, “manje Uqonde ukungitshela ukuthi Wena umdala njengoAbrahama, futhi Awukabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi uqonde ukusho ukuthi Ubone uAbrahama oseneminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili afa na? Siyazi ukuthi Unedemoni manje. Uyahlanya.” Yilokho o . . . Kusho lokho ukuthi *idemoni*, umuntu “ohlanyayo.” Bathi, “Unedemoni, futhi Uyahlanya.”

<sup>265</sup> Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA.”

<sup>266</sup> Wayeyilokho-ke. Wayengesuye nje umuntu nje, kanjalo Wayengesuye umprofethi. WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu ehlezi emhlabeni emzimbeni wenyama obizwa ngo “Jesu,” i-iNdodana kaNkulunkulu engene ngaphakathi. Yilokho ngempela Ayeyikho.

<sup>267</sup> Manje, siMthola ngapha, ukuthi engxenyeni yokugcina manje, yokuvalwa kwesahluko 2, engifuna ukufika kuyo, ngiqala ngevesi 16, noma ivesi 15.



*Futhi wabakhulula...labo abathi ngokwesaba ukufa—ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshelwe ebugqileni.*

Yilokho athi uJesu wakwenza, ukuthi Ufikela ukubakhulula ebugqileni, ababekade besekwesabeni ukufa konke ukuhamba kwabo.

<sup>268</sup> Manje asikho isidingo sokwesaba ukufa. Manje, kusobala, siyakwesaba; thina, akukho namunye wethu okufunayo, sikubiza ngokuthi, *fa*. Kodwa niyazi yini ukuthi uma umuntu ezelwe ngokusha angefe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Angaba kanjani nokuPhila okuPhakade bese efa-ke na? Angekwenze. Into kuphela ukufa okuyiyo, igama *ukufa*, lisho “ukwehlukana.” Manje uyokwehlukana nobukhona beso lethu. Kodwa ulokhu njalo eseBukhloneni bukaNkulunkulu, futhi uyobakhona njalo. Ngakho, ukufa akusiyo into el’khuni. Ukufa kuyinto eyinkazimulo. Ukufa yikhona okusithatha kusifake eBukhloneni bukaNkulunkulu.

<sup>269</sup> Kodwa manje, kusobala, thina, ngokuba ngumuntu, sihamba kulemisuka yezinto emnyama lapha, asi—sikuqondi njengoba sifanele. Futhi, kusobala, uma kufika iminjundu eklinyanayo yokufa, yenza khona impela okungcwele kunakho konke okwethu ukwesaba futhi sihlehle. Kwenza iNdodana kaNkulunkulu ithi, “Lesisitsha singedluliswa na?” Kuyinto esabekayo. Ungakuthathi ngesinxele. Ngoba si... Kuyinhlawulo yesono, ukufa kuyiyo, futhi kufanele kwesabeke.

Kodwa uma nje singabuka ngaphesheya kwekhethini, ngaleya, yilapho okukhona. Ayibusiswe iNkosi! Ngaphesheya kwekhethini nje, yilapho umuntu efisa ukubuka khona kulobubusuku. UAnna Mae Snelling omncane nabo babevame ukucula iculo lapha, “Nkosi, MangiBuke Ngedlule IKhethini lesiKhathi.” Wonke umuntu ufuna ukubona lokho.

<sup>270</sup> Manje, manje nakhu lapho esikhona, evesini 16. “Ngokuba ngempela Wathatha...”

*Ngokuba akathathi imvelo yezingelosi kodwa uthatha imvelo yenzalo ka-Abrahama.*

<sup>271</sup> O, sifuna ukubambelela kulokho futhi manje. Manje sehlela ngqo ukuba sithole i... Isizathu, ingxenye yokuqala yalesisahluko 3, ingxenye yokugcina yaso, ihlangana thaqa ngokuthi “lolosuku lwesabatha,” okwaleliSonto elizayo.

<sup>272</sup> Manje bhekisisani.

*... akathathi... imvelo yezingelosi; ...*

Manje, ubani u “A,” akhuluma ngaye na? UKristu. Ubani uKristu na? UNkulunkulu, iZwi—mcabango likaNkulunkulu.

<sup>273</sup> Manje ake ngikuchaze lokhu futhi, ukuze niqiniseke. UNkulunkulu akasuye oNkulunkulu abathathu. Uziq—zintathu kaNkulunkulu Munye. UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,

akusho ukuthi kukhona oNkulunkulu abehlukene abathathu. Uma kunjalo, besingaba umhedeni. Yingalesosizathu amaJuda enganakuqonda. Kwakungakaze kufundiswe eBhayibhelini. Manje, kufundiswa ebandleni eliKatolika, uqobo, uvela lapho-ke umbhaphathizo kamthathu—emunye.

<sup>274</sup> EAfrika bakubhaphathiza kathathu ubuso bubheke phambili: kanye kuNkulunkulu uYise; kanye kuNkulunkulu iNdodana; kanye kuNkulunkulu uMoya oNgcwele. Manje, lokho ngukweduka. Azikho izimfundiso ezinjalo zalokho eBhayibhelini. Niyabo?

<sup>275</sup> Futhi manje, lokho yi—lokho yilokho abakufundisayo. Kwehla njalo ngoLuther; kuphuma kuLuther, kungene kuWesley; kuqhubeka kwehlele eminyakeni lapho kuqhubeka njalo. Kodwa kwakungakaze kube yimfundiso yeBhayibheli. Kwakuhlala njalo kungukweduka, selokhu kwaqalwa.

<sup>276</sup> Manje, ngakho, uNkulunkulu wayesekuqaleni. Kungakabikho—kukhanya, kungakabikho—sithako iatomu, kungakabikho—nkanyezi, kungakabikho—nto ebonakalayo, uNkulunkulu wagcwalisa yonke indawo. Futhi kuLokho kwakungelutho kodwa ubumsulwa: uthando olumsulwa, ubungcwele obumsulwa, ukulunga okumsulwa. KwakunguMoya. Wayesibekela yonke indawo konke kusukela ePhakadeni, lapho esingenakuKulinganisa. Kuhamba kwedlule ngaleya noma yini ebesingayicabangela.

<sup>277</sup> Njengakuleyoglassi, sasingabona i—indawo eyibanga lokukhanya eliyiminyaka eyizigidi eziyikhulu nento. Kucabangeni. Indawo eyibanga lokukhanya eliyiminyaka eyizigidi eziyikhulu. Nokukhanya—khanya kuhamba cishe amamayela ayizinkulungwane eziyisishiyagalombili ngomzuzwana. Nendawo eyibanga lokukhanya eliyiminyaka eyizigidi eziyikhulu...Cabangani nje ukuthi bekungaba ngamamayela ayizigidi ezingaki. Ubungeke ngisho ukubale. Ungathatha nje uhlu lwezishiyagalolunye futhi uzigijimise zizungeze iJeffersonville, futhi usalokhu ungeke wakuhlaziya kube ngamamayela amamayela. Kucabangeni. Futhi ngaleya kwalokho kuselokhu kunezinkanyezi nonozungezilanga. Futhi uNkulunkulu, ngaphambi kokuba kubekhona okunye kwakho, Wayekhona. Niyabo?

<sup>278</sup> Futhi manje iZwi—mcabango elaphuma kuNkulunkulu, okwaku—kuyiZwi—mcabango, konke lokhu kuqala ukubumbeka kube yi—yisimo somzimba. Nalesisimo somzimba sasibizwa ngokuthi, ekufundiseni kwezifundiswa ezinkulu, yiZwi—mcabango. IZwi—mcabango elaphuma kuNkulunkulu. Ngamany'amazwi, i—igama elingcono lalo, laliyilokho esasikubiza ngomzimbamoya. (Umzimbamoya ngumzimba womuntu okhazimulisiweyo.) Hhayi ngempela onenyama negazi njengoba uyoba njalo esigabeni sawo esikhazimulisiweyo,

kodwa yisimo somzimba womuntu ongadli, kanjalo awuphuzi, kodwa ngu—ngumzimba, umzimba osilindele masinya nje uma sishiya lona. Manje, phakathi lapho, singena kulowomzimba. Nalolo wuhlobo lomzimba uNkulunkulu ayeyilo, ngokuba Wathi, “Masenze umuntu ngomfanekiso wethu asifuze.”

<sup>279</sup> Manje, uma umuntu esengena kulowomzimba, wayenokulawula kuzo zonke izinhlanzi, nezinyoni, ne—nezilwane zasendle. “Kwase kuthi—ke kwakungekho—muntu wokulima umhlabathi,” uGenesisi 2. Wayesebenzile isilisa nesifazane, kodwa akukho—muntu wokulima umhlabathi.

Kwase kuthi—ke uNkulunkulu wenza umuntu ngothuli lomhlabathi. Umnika isandla njenge—njengenkawu enkulu ishimpanzi. Umnika unyawo njengebhere. Uyamnika, Wamenza, ngomfanekiso. Nalomzimba wasemhlabeni usemfanekisweni wempilo yesilwane, futhi wenziwe ngohlobo olufanayo lwempahla. Umzimba wakho wenziwe nje ngohlobo olufanayo lwempahla njengehhashi, nomainja, kumbe noma yini enjalo. Wenziwe ngasakhi—mzimba ikhalsiyamu, isakhi—mzimba ipotashi, isakhi—mzimba ipetroliyamu, ukukhanya komhlaba nezulu. Nje awu...Yonke inyama enjalo ayisiyo inyama efanayo; yinyama ehlukeni, kodwa yenziwe ngothuli lomhlabathi lapho evela khona.

Kodwa, umehluko phakathi kwesilwane nomuntu, uNkulunkulu wafaka umphefumulo kumuntu, futhi Akawufakanga esilwaneni. Ngoba, umphefumulo owawukumuntu yilowomzimbamoya.

O, ngi—ngi, angisoze ngafika e...lesisifundo, kodwa ngifanele ngikuthole lokhu.

<sup>280</sup> Bukani. Anisakhumbuli ngenkathi uPetru wayesetlongweni, neNgelosi yeNkosi yafika yase ivula iminyango na?

<sup>281</sup> Sasihamba sidabula esuphamakethe enhla lapha, ngoluny’usuku, nomnyango wavuleka phambi kwethu. Ngathi, “Niyazi, iBhayibheli laba nakho lokho kuqala.” Niyabo? Manje, ukushwibeka komnyango kuyazenzekela.

<sup>282</sup> Futhi ngenkathi uPetru ephuma, ehamba ngakulababalindi, babephuphuthekile kuye. Wedlula umlindi ophakathi nendawo, umlindi ongaphandle, waze wayophumela egcekeni, wedlula udonga, waze wayophumela emgwaqeni. Futhi akukho namunye owayazi ukuthi wayengubani. Futhi akanakanga... Babecabanga ukuthi wayengomunye umlindi noma okuthize. Ba...Wavele wedlula nje, nomnyango wazivulekela, lapho ephuma, wase uvaleka ngemuva. Futhi ngenkathi ephumela lapho, wayecabanga ukuthi wayenephupho. Futhi wehlela endlini kaJohane Marku, lapho ababenomhlangano womkhuleko. Futhi wayengqongqotha...[UMfowethu

Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . ukuba phakathi kwenu.

283 O, Uyakhazimula. Uyamangalisa.

*Manje, o, akenziwanga ngesimo sengelosi kodwa wathatha. . . inzalo ka-Abrahama. UNkulunkulu waba yinzalo ka-Abrahama.*

284 Manje, ukuba besinesikhathi, ukuba sibuyele emuva bese sikhombisa ukuthi Wakwenza kanjani esiVumelwaneni! Ningizwile ngishumayela ngakho, izikhathi eziningi, ukuthi wazithatha kanjani lezozilwane wayesezinquma wazehlukanisa, wayeseqhosa ihobhe nejuba lasekhaya phakathi. Wayesebuka—ke, wayeseqaphela intuthu encane, okwesabekayo okumnyama, ukufa. Okulandelayo, isithando esithunqayo, isihogo. Kodwa, ngaleya kwalokho, kwahamba ukuKhanya okuncane okumhlophe. Nalokho okumhlophe okuncane kwahamba phakathi kophisi ngamunye walowomhlatshele owawunqunyawe, ekhombisa Ayezokwenza. Futhi Wathatha isifungo, ngenkathi Enza lokho, futhi Wabhala isiVumelwano, ekhombisa Ayezokwenza.

285 Futhi Yena, uJesu Kristu, ufika emhlabeni; uNkulunkulu, u*Emanuweli*, “UNkulunkulu enyameni.” Futhi eKalvari, Wadatshulwa wehlukana. NoMoya waKhe uyabuya uba seBandleni. Nomzimba waKhe waphakanyiswa wawusuhlala esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu.

IsiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu! Lo osesiHlalweni sobukhosi nguMahluleli. Siyakwazi lokho. Awu, kuphi ukwaHlulelwa na? UBaba unikele. . . Akehluleli—muntu. Kodwa uBaba unikele konke ukwahlulela eNdodaneni. Ngakho u. . . Nokuphila kwaKhe kungumPristi oMkhulu, ehlezi lapho nomzimba waKhe uqobo, njengomhlatshele, ukunxusela izivumo zethu. Amen. Mfowethu, lokho kufaka into ethize kuwe.

286 Qaphelani, “Wathatha iNzalo ka-Abrahama.” Uba nguMuntu. UNkulunkulu, enziwe inyama phakathi kwethu, ukuba asihlenge. Ngamany’amazwi, uNkulunkulu waba yisono, ukuze thina zoni sibe ngabahlanganyeli baKhe. Futhi uma sihlanganyela naYe, sihlanganyela kokwaKhe. . . Sasingabantu bebanga lesikhathi, amashumi ayisikhombisa. NoNkulunkulu wehla futhi uba ngomunye wethu, amashumi ayisikhombisa, isikhathi saKhe asabeleyo, ukuze sihlanganyele ekuPhileni kwaKhe okuPhakade. Futhi uma sizalwa ngokusha, singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi sinokuPhila okuPhakade, futhi asisoze sabhubha.

O, uMsindisi obusisiwe o—o—onje pho! O, ayikho indlela yokukubhala. Ayikho indlela yokukuchaza. Kungaphambili nje le kokuchaza. Akekho ongachaza ukuthi Kukhulu kangakanani. “Umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka!” kunjalo.

*Ngakho-ke kwamfanela ukuba abe njengabafowaBo... (Cabangani ngalokho)... kukho konke ukuze abe ngumpristi omkhulu ohawukelayo nothembekayo kokukaNkulunkulu... (Lalelani lokhu)... kube yinhlawulo... isono zabantu.*

Ukubuyisana, manje, uNkulunkulu, azi ubulungiswa, wadingeka angabi nabulungiswa, ukuzwa ukuthi kwakuyini ukuba yisoni, ukubuyela ekubuyisaneni, ngoku “buyisana,” futhi abe nesihawu kubantu.

<sup>287</sup> Ivesi elilandelayo, Lilaleleni lapha.

*Ngokuba lokhu wahlupheka yena... .*

<sup>288</sup> UNkulunkulu wayengenakuhlupheka eMoyeni. Wadingeka abe yinyama, ukuba ezwe ubuhlungu bokugula, ukuba ezwe ukulingwa kwenkanuko, ukuba ezwe ukulingwa kokufuna, ukuba ezwe ukulingwa kokulamba, ukuba ezwe amandla okufa. Ukuze Azethwese Yena uqobo ukuba ame eBukhoneni bukaMoya Jehova omkhulu, uMoya, hhayi uMuntu; uMoya, ukwenza ukunxusela kulokhu ukuphila. NoJesu wakuthatha lokho, ukuze asenzele ukunxusela, ngokuba Uyazi ukuthi kuzwakala kanjani. Uma uthola ukugula, Uyazi ukuthi uzwa kanjani. Uma ulingwa, Uyazi ukuthi uzwa kanjani.

<sup>289</sup> Manje, senake naqaphela nxa sivotela umongameli, wonke umlimi uyovotela umongameli oke waba ngumlimi, ngokuba uyayazi inxenye enzima yempilo yomlimi. Niyabo? Ufuna indoda ethize eqondayo.

<sup>290</sup> Futhi ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze aqonde; Yena eyilobo Bungcwele. Wayeyoke aqonde kanjani, emva kokuba Eselahle umuntu ngecala na? NgobuNgcwele baKhe, Walahla umuntu ngecala. Nendlela kuphela Ayoke azi ngayo ukuthi ulungisiswa kanjani umuntu ngokuba abe ngumuntu.

<sup>291</sup> NoNkulunkulu wasibekela intombi yase izala umzimba, hhayi igazi lobuJuda, hhayi igazi loweZizwe, kodwa iGazi laKhe uQobo. IGazi likaNkulunkulu elidaliwe, lungekho-nhlobo ucansi kulo, lona nhlobo, kungekho sifiso socansi. NaleliNgqamuzana leGazi, lidalwe esizalweni salona wesifazane, wazala iNdodana. Futhi kwathi Isibhaphathiziwe nguJohane umBhaphathizi, uJohane wathi, “Ngiyafakaza, ngibona uMoya kaNkulunkulu (njengejuba) wehla futhi uhlala phezu kwaYo.”

<sup>292</sup> Akumangaliisi uJesu wakwazi ukuthi asho, ukuthi, “Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe esandleni saMi.” UNkulunkulu nomuntu baba Munye. AmaZulu nomhlaba kwasingathana, futhi WayenguYe onganikeza ukubuyisana ngesono sethu. Yingalesosizathu ukuthi, eGameni laKhe, ukuphilisa kuyenzeka. Uyabazi ubuhlungu bakho.

<sup>293</sup> Nike nilizwe leli elincane, iculo elidala na?

UJesu uyabazi ubuhlungu obuzwayo,  
 Angasindisa futhi Angaphilisa;  
 Thatha umthwalo wakho uwuyise eNkosini  
 bese uwushiya lapho.

Kunjalo. Uyazi.

Uma umzimba wethu sewoniwe ngubuhlungu,  
 nempilo yethu singakwazi ukuphinde  
 siyithole,  
 Khumbulani uNkulunkulu nje eZulwini  
 uphendula umkhuleko;  
 UJesu uyabazi ubuhlungu obuzwayo,  
 Angasindisa futhi Angaphilisa;  
 Thatha umthwalo wakho nje uwuyise eNkosini  
 bese uwushiya lapho.

<sup>294</sup> Yilokho kuphela Akucelayo, “Ushiye lapho nje.” Ngani na? UngumPristi wethu oMkhulu emi lapha, owaziyo ukuthi wena uzizwa unjani. Futhi Uyazi ukuthi kubuyiswana kanjani nawe ubuyele emseni, nokuthi akubuyisele kanjani empilweni yakho. Wazi konke ngakho; Wahlupheka. Uma ungenandawo yokucamelisa ikhanda lakho; Wayenokufanayo. Uma unokushintsha okukodwa kwezingubo; Wayenokufanayo. Uma kuhlekiswa ngawe, wahlushwa; Wayenokufanayo.

<sup>295</sup> Lalelani ivesi lokugcina manje. Kulungile.

*. . . unamandla okusiza labo abalingwayo.*

Noma, ngamany’amazwi, Unamandla oku *londoza* labo, okusiza labo, okwenza labo. . . ukuzwelana nabo. Ngoba, uNkulunkulu uqobo lwaKhe waba ngumuntu, ukuze akuzwe.

<sup>296</sup> Khumbulani, ngobuny’ubusuku, asifundisanga yini ngalokho na? Ukuthi uNkulunkulu wakwenza kanjani uku. . . Ukufa kwakunodosi kukho, ukwesaba kukho. “Konke ukuphila kwabo babesebugqilini ngalokhu *ukufa*.” Wase efika-ke uJesu, ukuze asuse lesositinyeli ekufeni.

Futhi ngenkathi Enyukela entabeni, niyakhumbula ukuthi sikufanekise kanjani na? Lawomachashazana abomvu ebhantshini laKhe, emva kwesikhashana onke aseba yichashaza elikhulu elilodwa, futhi kusaphazela iGazi konke kuYe. Owakhe omncane, umzimba ontengentenge, Akabange esaqhubeka, Wayesewa. USimoni waseKurene, indoda eyikhaladi, yaMsiza ukuthwala isiphambano enyukela egqumeni.

Futhi ngenkathi beMbethela esiphambanweni, futhi Wamemeza efuna amanzi. Noma yimuphi umuntu owophayo udinga amanzi.

<sup>297</sup> Niyakhumbula ngenkathi ngishumayela ngobunye ubusuku ngokuthi “Inyamazane idiye nendluzele yomela umfudlana wamanzi, kanjalo umphefumulo wami ulangazelela Wena, O Nkulunkulu”? Uma inyamazane idiye ilimele futhi iphila,

ilahlekelwa yigazi, izofanele ifinyelele emanzini kungenjalo izofa.

298 Ngadutshulwa, ezansi endle, ngenkathi ngineminyaka eyishumi nane ubudala. Futhi ngangilele lapho. Imilenze iqhunywiswe phezu kwami, njengehembega, ngenxa yesibhamu esifishane esinesilinganiso esiwutwelfu. Futhi ngamemeza ngifuna amanzi, “O, ngiphuziseni amanzi!” Ngiba ndikindiki; izindebe zami yayindikindiki.

299 Ubhuti wami wagijimela ngale esizibeni esidala, sasinazo zonke izinhlobo zonoshobishobi abadadlana, ixhaphozi. Ngangingenandaba ukuthi kwakuyini. Wayesekukhukhula kugcwele amanzi, ngase ngibamba umlomo wami ngiwuvulile, wayesekhamela ikepisi lakhe kanjalo, emlonyeni wami. Wawudingeka ube namanzi.

300 Wayopha. Wathi, “Ngiphuziseni amanzi.” Futhi bamnika uvinika usesiponjini, Wayesewenqaba, futhi wawala. WayeyiWundlu likaNkulunkulu elifayo esikhundleni sethu, ukuletha ukubuyisana esidalweni esingumuntu. Kwakuyini na? UNkulunkulu weZulu.

301 UBilly Sunday wake washo, ukuthi, “Zonke izihlahlana zazineziNgelosi zihlezi kuzo, zithi, ‘Ake udedele isandla saKho nje bese ukhomba ngomunwe waKho, Sizosishintsha thina isimo.’”

302 Lesosigejana sezinhlanga zenkolo ezichwensayo, zabiza ezinye izifundiswa ezinkulu ezifundisiwe zeD.D., iPh.D., zahamba ngakuYe zase zithi, “Manje, uma uyiNdodana kaNkulunkulu! Wasindisa abanye; wena uqobo awukwazi ukuzisindisa. Yehla esiphambanweni, futhi sizokukholwa.”


303 Babengazi ukuthi babeMtusa. WayengaZisindisa. Kodwa ukuba Wazisindisa Yena, abanye Wayengeke abasindise. Ngakho, Wazinikela Yena. Alibusiswe iGama laKhe. Wazinikela Yena, ukuze ngisindiswe nawe ukuze usindiswe. O, uthando olungaqhathaniseki kanje pho!

304 Wayengadingekile ukuthi agule. Lowomzimba oligugu ozalwa yintombi wawungadingekile ukuthi ugule. Kodwa Wagula, ukuze Azi ukuthi anginxusele kanjani ngenkathi ngigula.

305 Wayengadinge kukhandleka, kodwa Wakhandleka. Ngafunda umlando omncane ngakho ngesinye isikhathi, angazi noma wawuyiqiniso noma qha. “Ngenkathi Esevuse lowomfana waseNayini lapho, wavuka kwabafuleyo, Wahlala phezu kwedwala futhi ebubula ephethwe yikhanda,” ngoba Wayedingeka athwale ukugula kwethu.

306 Wadingeka ukuba athwale isono sethu, futhi Wafela lapho, futhi eKalvari ngenkathi leyonyosi endala nokufa kwake kwasigxilisa okwehange isitinyeli sakhohlo. Noma ubani

uyazi, uma inyosi isigxilisa okwehange isitinyeli sayo, ayibe isakwazi ukutinyela. Uma inyosi isuka indiza kumbe noma isiphi isilokazana esitinyelayo, uma isigxilisa okwehange isitinyeli sayo, idonsa isitinyeli sayo isikhiphe. Isalokhu iyinyosi kodwa ayinaso isitinyeli. Into kuphela engayenza ngukububuza nokwenza omningi umsindo.

<sup>307</sup> Yileyonto kuphela ukufa okungayenza ekholweni, ngukwenza omningi umsindo. Kodwa, haleluya, alibusiswe iGama leNkosi, Wasigxilisa okwehange lesositinyeli sokufa enyameni yaKhe uqobo. UManuweli wakwenza. Wabuye wavuka, ngosuku lwesithathu, wathintitha isitinyeli saphuma lapho, futhi ungoNgasayikufa kulobubusuku. Futhi uMoya waKhe ukulendlu, futhi Uzifakazela Yena uqobo ephila phakathi kwethu. Lowo nguMesiya wethu. Lowo nguMsindisi wethu obusisiweyo. 



*INCWADI YAMA HEBERU*

Lemi Layezo eyishumi nanye ngo Mfowethu William Marriion Branham okokuqala yethulwa kusukela ngoAgasti 21 kuya kuSeptemba 22, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., ithathwe ekuqopheni kweteyipu enobuzibuthe futhi yashicilelwa ingafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2011 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)